**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YOMNGCWABO WENDUNA UMKHIZE EMAQONGQO MAHLAKA 10 DECEMBER 2011**

Mphathi wohlelo;
Ubukhosi baKwaMaphumulo;
IziNduna zeNkosi;
AmaKhansela akhona;
Abefundisi
Umndeni nezihlobo zaKwaMkhize;
Abangani;
Abazalwane nomphakathi wonke;
Ngiyanibingelela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal ngisukuma nokubonga ukuthi ngithole leli thuba lokuba yingxenye yokuphelezela umfwethu uKhabazela ebesingakaze sicabange ukuthi angasishiya kabuhlungu kangaka.

Uma umuntu ehambele inkonzo enjengalena kuba yilapho ezibuza khona ukuthi ngempela kungani impilo iba nesihluku esingaka? Ngineqiniso ukuthi lo mbuzo iningi lethu lisazibuza wona nanamhlanje.

Ngiyazi ukuthi umndeni waKwaMkhize, iNdlunkulu noMkhandlu wobuKhosi balapha, kanye nomphakathi nje wonke, balokhu bezibuza lo mbuzo kusukela uMnuz Mkhize esishiyile ngempelasonto edlule.

Noma ngabe asikakwazi ngempela okuyimbangela yokubulawa kwakhe, kodwa kuyishwa elikhulu ukuthi abantu abanjena esidinga ukubasebenzisa ekwakhiweni kwemiphakathi, balahlekelwa izimpilo zabo ezandleni zezinswelaboya ngalolu hlobo.

Siyazi ukuthi izinduna zibambe iqhaza elingakanani ekuphathweni kwezindawo zamaKhosi. Siyazi futhi ukuthi ubuduna akuyona into evele inikwe noma ngubani, okusho ukuthi kusuke kukhona izimpawu zobuholi ezibonakalayo kuwena.

Kodwa njengoHulumeni wesifundazwe sithanda ukunxusa abantu bakithi ukuba badedele amaphoyisa enze umsebenzi wawo kulolu daba. Labo abazi okuthile ababona ukuthi kungalekelela ekuboshweni kugwetshwe izigilamkhuba, mabavele nolwazi lwabo – amaphoyisa akhona.

Nangemuva kwesigameko ngempelasonto, ngakucacisa ngenkathi ngifike lapha ukuthi ngikhulumile nobuholi bamaphoyisa esifundazweni savumelana ngokuthi lolu daba lukaMnuz Mkhize maluphenywe yithimba lamaphoyisa eliyisipesheli. Ngakho-ke kumele njengomphakathi nisebenzisane naleli thimba.

Siyazi ukuthi lesi sehlakalo senzeka ngesikhathi vele izwe lethu likhungethwe yizehlakalo eziningi ezinjengalesi ezikhombisa kona ukuthi isenkulu inselelo esibhekene nayo yokulungisa onembeza babantu bakithi.

Yingakho-ke sithi nakuba kusidabukisa ukulahlekelwa nguMnuz Mkhize ngalolu hlobo, kodwa lokhu kumele kungasilahlekiseli ithemba, singavumeli ukusatshiswa yizigebengu. Kumele sisukume njengomphakathi sisebenzisane noHulumeni kuzo zonke izinhlelo zokulwa nobugebengu.

Njengoba ngibalula ukuthi kumele sisukume sibambe iqhaza ekulweni nobugebengu, ngifisa ukusho ukuthi vele njengoHulumeni sisembhidlangweni omkhulu wokuvuselela onembeza kubantu bakithi.

Sithi abantu mabakhulume nonembeza babo bangenzi izinto ezizoba yingozi kubona nakwabanye abantu. Sithi njengoba sekuyisikhathi sikaKhisimusi nje, abantu mabangaziphathi sengathi akuseyophinde kube nomunye uKhisimusi.

Yingakho-ke sesinalo mkhankaso engicabanga ukuthi iningi lethu selike lezwa ngawo, esithi u-Operation Val'ingozi. Kulo mkhankaso umyalezo wethu ucace kahle uthi: **'Khuluma nonembeza wakho, ungawephuli umthetho, ungabulali abantu'.**

Ngemuva kokuwethula eThekwini ekuqaleni kwenyanga edlule lomkhankaso, sibe sesithatha isinqumo sokuwusabalalisa kuzo zonke izinhlaka esisebenzisana nazo lapho sihamba khona, sikhuthaze ukuba kubanjiswane ekuvaleni izingozi noma ngabe ezomgwaqo noma ezenzeka ngesandla sezigebengu.

Nalapha-ke sithe njengoba okwehlele umndeni waKwaMkhize nesizwe saseMaqongqo kuyingozi, ngeke singalisebenzisi leli thuba kule nkonzo ukunxenxa wonke umuntu olapha ukuba asilekelele ekuvaleni izingozi zalolu hlobo ukuba zingaphindi zenzeke.

Siyayidinga nemikhuleko kubefundisi bethu. Kodwa futhi esikudinga kakhulu ngukuba sonke ngamunye sizibophezele ekutheni angeke sibe yingxenye yokudaleka kwengozi noma ngaluphi uhlobo, noma kusemgwaqeni noma kusezindaweni esihlala kuzona.

Okunye futhi esikushoyo ngalo mkhankaso ngukuthi imiphakathi mayisebenzisane namaphoyisa ekulweni nobugebengu bese iyawavikela futhi nawo amaphoyisa akithi. Masiwasindise amaphoyisa ngoba angabavikeli bethu.

Singakwenza lokho ngokuthi sikhulume uma sinolwazi ngetulo lokubulawa kwephoyisa. Masisebenzisane nezinhlaka ezibhekene nokulwa nobugebengu emiphakathini yethu, ama Community Policing Forums (CPFs) namakomiti emigwaqo nezigodi lapho sihlala khona.

Njengoba ngike ngabalula ekuqaleni, masiqaphele ukungazithatheli umthetho ezandleni zethu, kodwa asibabike emaphoyiseni abephula umthetho, abahlukumeza umphakathi, abesifazane, izingane, abantu abadala nabakhubazekile emiphakathini yethu.

Siyawazi umlando le ndawo ephuma kuwona ngezikhathi zodlame olwalugubuzele isifundazwe sethu ekupheleni ko-1980 nasekuqaleni ko-1990. Siyakhumbula ukuthi omunye wabaholi abakhombisa ubuqhawe kuliwa noHulumeni wobandlululo, iNkosi uMhlabunzima Maphumulo, naye wahamba ngendlela efanayo nalena kaKhabazela esizomfihla namhlanje.

Kodwa iqiniso lithi akekho owayengaqeda ukulwa uma nina uqobo ningafuni ukushintsha indlela enibuka ngayo izinto.

Namanje-ke inselelo ikunina ukuthi nenze umehluko endaweni yenu. Thina okwethu ngukuba sinilekelele sinikhombise indlela.

Ngalawo mazwi sithi egameni likaHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal, siyabonga ukuthola leli thuba. Siyabonga kakhulu nasemndenini waKwaMkhize obusiboleke ubaba wekhaya ukuba alekelele ekwakhiweni kwesizwe sethu.

**Siyabonga**